

INYUZILETHA YELUNGU

UHLELO LOKUQALA | FEBRUARY 2025



Lungu Elithandekayo

Siyakwamukela kule ncwadi yezindaba yokuqala ka-2025! Nginethemba lokuthi niwuqale kahle unyaka futhi yonke imigomo yenu ka-2025 isendleleni. ISikhwama siqale ngamandla, kanti sesivele senza izibuyekezo kanye nenqubekela phambili ethile ebalulekile.

Kuyangijabulisa ukunabela ukuthi sizuze amaphuzu aphelele ayi-100% we-Net Promoter Score (NPS) ngokusho kwenhlolovo yokubandakanyeka kwababambiqhaza ka-2024. Lo mphumela omuhle kakhulu ubonisa ukusethemba enisipha khona, futhi siyabonga

kakhulu ngokusisekela kwenu okungapheliyo. Kuyisikhumbuzo esicacile sokuthi sisendleleni okuyiyo njengeSikhwama esikhethiwe, futhi sohlala sizibophezele ekukunikezeni insizakalo engcono kakhulu.

Inzuzo Yomshuwalense Wokuphila Weqoqo (GLA) ukhushuliwe:

Njengoba silokhu silwela ukwenza ngcono izinsiza esizinikezayo, nina malungu ethu ahlonishwayo, ngiyajabula ukumemezela ukuthi lesi sikhwama sesikhuphule ingxenye yomshuwalense weNzuzo Yokufa kusuka ku-3x Umholo Wonyaka kuya ku-4x Umholo Wonyaka; futhi lokhu kukhuphuka kuzosetshenziswa ngokusemthethweni kusukela ngomhlaka-1 Mashi 2025. Lokhu kusho ukunikeza abathandekayo bakho ukusekelwa okwengeziwe ngokwezimali lapho kudingeka khona kakhulu. Ungathola iminin-gwane ethe xaxa ngalolu shintsho odabeni olulandelayo kule ncwadi yezindaba.

Inqubo Yokufaka Isicelo Emabhodweni Amabili:

Ngonyaka ka-2024, sethule futhi saxoxa ngenqubo yokufaka isicelo nge-inthanethi kuNgxenye Yokonga yamaBhodwe Amabili. Ngesikhathi esifanayo, kwakutholakala nabeluleki ezimayini ukuze basize ngenqubo yokufaka izicelo.

Isikhwama siqalise ukusebenzisa Uhlelo

Lomhlalaphansi Lwamabhodwe Amabili ngaphandle kokwengeza izindleko kumalungu. Isikhwama sazithwala zonke izindleko zokuqaliswa.

Njengengxenywe yenqubo eqhubekayo yokubuyekeza kanye nokugcina izindleko ziphansi ngangokunokwenzeka kumalungu, iSikhwama sifisa ukwazisa ukuthi kusukela ngomhlaka-31 Januwari 2025, abeluleki bamaBhodwe Amabili ngeke besatholakala ezimayini.

Kusukela ngomhlaka-1 Mashi 2025, zonke izicelo Emabhodweni Amabili kuyodinga ukuthi zifakwe nge:



Nqubo yokufaka isicelo nge-inthanethi:

Kuyasijabulisa kakhulu ukuthi sesibona inani landa lamalungu aseqalile ukusebenzisa inqubo yokufaka izicelo ku-inthanethi, futhi siyakukhuthaza ukuba uqhubeke usebenzise le nkundla ngokuqhubekayo.



Zizinda Lapho Uya Khona Mathupha kanye naBaluleki Abaxhumene Nezinsizakalo Zomqashi:

Kumalungu athanda ukuxoxisana ikakhulukazi nomuntu siqu, Izizinda zethu Lapho Uya Khona Mathupha kanye naBaluleki Abaxhumene Nezinsizakalo Zomqashi bazohlala bekhona ukuze basize.



Sikhungo esixhumene ne-WhatsApp:

Isikhwama sisafuna ukusungula inqubo yokufaka izicelo Kumabhodwe Amabili exhumene ne-WhatsApp kanti kulindeleke ukuthi yethulwe ekuqaleni kuka-2025. Ababambiqhaza bazokwaziswa.

Kule ncwadi yezindaba, uzothola ulwazi olubalulekile oluzosiza ukwenza u-2025 ube unyaka omuhle nge-MWPF. Njengenjwayelo, ngiyabonga ngokuqhubeka nokusethemba kanye nokusisekela kwenu.

Ozithobayo

U-Frans Phakgadi

Isikhulu Esiyinhloko Esiphethe se-MWPF



I-Group Life Cover (i-GLA) inyukile yaphinda ka-4x Umholo Wonyaka




I-MWPF, izibophezele ekuhlinzekeni uzinzo kwezezimali kumalungu ethu nabathandekayo bawo. Sijabule kakhulu ukumemezela ukuthi ingxenye yomshuwalense wokuphila weqembu lena yeNzuzo Yokufa yenyukile kusuka ku-3x Umholo Wonyaka kuya ku-4x Umholo Wonyaka welungu futhi ukwenyuka kuzoqaliswa ngokusemthethweni kusukela ngomhlaka-1 Mashi 2025 ukunikeza ukwesekwa okukhulu kakhulu kwabahlomuli bakho.

Ngaphambilini, lapho ilungu lishona, i-MWPF yayikhokha i-Fund Credit kanye nokuphindwe ka-3 x Umholo Wonyaka weLungu. Manje sesikhulise le nzuzo yaba yi-Fund Credit kanye nokuphindwe ka- 4 x Umholo Wonyaka, siqinisekisa ukukhokhelwa okukhulu kakhulu komndeni wakho ngezikhathi ezinzima.

Ukulahlekelwangothandekayoakululaneze, kanti into yokugcina umndeni okufanele ukhathazeke ngayo izinkinga zezimali. Ngalokhu kwenyuswa, lesi Sikhwama siqinisa ukuzibophezela kwaso ekuvikeleni labo obakhathalela kakhulu. Inkokhelo eyengeziwe ingasiza ekunikezeni ukuzinza kwezezimali, futhi ivikele ikusasa elingcono kulabo abancike kuwe. ISikhwama sibuye sikhokhe Inzuzo Yomngcwabo engu-R80 000.

Ifomu Lokuqoka kanye Nokuvuselela Imininingwane Yokuxhumana


Ukuze uqinisekise ukuthi izinzuzo zakho ziya kubahlomuli abafanele, kubalulekile ukugcina amarekhodi akho evuselelekile ku-MWPF. Nakhu ongakwenza ukuze ulawule izinzuzo zakho:



Gcwalisa futhi Uvuselele Ifomu Lakho Lokuqoka

Ifomu lakho lokuqoka lisitshela ukuthi ngubani okufanele athole izinzuzo zakho uma kwenzeka ushona. Ngaphandle kwalo mbhalo, ukwaba imali yakho kungathatha isikhathi eside futhi kungaholela ezinkingeni.

Uma ungazange uligcwalise noma ulivuselele ifomu lakho lokuqoka kamuva nje, siyakukhuthaza ukuba wenze kanjalo ngokushesha ngangokunokwenzeka.




Gcina Imininingwane Yakho Yokuxhumana Kuyiyo

Ngabe uyishintshile yini inombolo yocingo, i-imeyili, noma ikheli lakho? Uma kunjalo, sicela uvuselele imininingwane yakho ku-MWPF. Lokhu kuqinisekisa ukuthi sikwazi ukufinyelela kuwe noma kubazuzi bakho lapho kudingeke khona kakhulu.

Uma unemibuzo mayelana nokwenyuka kweNzuzo Yokufa, ukuvuselela ifomu lakho lokuqoka, noma ukushintsha imininingwane yakho yokuxhumana, sikulungele ukukusiza.

Uhlelo Lomhlalaphansi Lwamabhodwe Amabili: Yini Okulandelayo?



Uhlelo Lomhlalaphansi Lwamabhodwe Amabili lunikeze amalungu amandla okufinyelela engxenyeni yemali ayigcinele umhlalaphansi ngesikhathi esaqashiwe. Uma usanda kukhipha imali yakho eNgxenyeni Yokonga, kungenzeka uzibuze ukuthi yini elandelayo. Ukuqonda ukuthi imali yakho esele ihlelwe kanjani nokuthi ukukhishwa kwemali esikhathini esizayo kusebenza kanjani kubalulekile ukuze wenze izinqumo eziphusile ngezimali.

Ngabe Okongiwe Kumhlalaphansi Wamabhodwe Amabili Kusebenza kanjani Ngemva Kokukhishwa Kwokuqala

Lapho usukhiphe imali yokuqala Engxenyeni yakho Yokonga, Ingxenyeni yakho Yomhlalaphansi isala ingathintekile, okuqinisekisa ukuthi unemali oyibekele eceleni lapho uthatha umhlalaphansi. Kodwa-ke, iNgxenyeni Yokonga yakho manje izobonisa ibhalansi ephansi, futhi noma yikuphi ukukhishwa kwesikhathi esizayo kuzoncika ekutheni kungakanani osequqongelelekile kule ngxenyeni ngokuhamba kwesikhathi.

Kubalulekile ukuthi ukuqaphela ukuthi ukukhipha imali ngakunye kunciphisa inani lemali ongayithola ezicelweni zesikhathi esizayo. Yingakho kubalulekile ukuphatha imali yakho oyongile ngobuhlakani futhi uqiniseke ukuthi uyikhiphela izidingo ezibalulekile kuphela ukhumbula njalo inhlalakahle yakho yezezimali zesikhathi eside.

Ukukhipha Imali Esikhathini Esizayo -----Okudingeka Ukwazi

Ukukhipha Imali Ngonyaka (Kanye Ngonyaka Wentela):

- Ungakhipha okungenani u-R2 000 ngonyaka wentela.
- Lokhu kukhishwa kwemali kwakhelwe ukunikeza amalungu ithuba elengeziwe lokufinyelela emalini ayilondolozile kuyilapho futhi kuqinisekiswa ukuthi enye ingxenyeni igcinelwa umhlalaphansi.

Njalo uma ukhipha imali, kubalulekile ukuthi ucabange ngokuthi lokhu kunamphumela muni ozinzweni lwakho kwezezimali esikhathini esizayo. Nakuba ukufinyelela ezimalini kungase kube nalo usizo ngezikhathi zokuxakeka, ukuba nemali eyanele oyongela umhlalaphansi kumele kuhlale kuyinto yokuqala njalo.

Ukufuna Imali Yakho Oyongile nge-Inthanethi - Inqubo Elula Futhi Ephephile




I-MWPF seyenze kwaba lula kumalungu ukuthi afake izicelo zawo Engxenyeni Yokonga nge-inthanethi. Uma ufanelekile ukukhipha imali, landela lezi zinyathelo ezilula ukuze ufinyelele ezimalini zakho ngenkundla yethu evikelekile eku-inthanethi.

Isinyathelo 1: Bhalisa Enkundleni ye-inthanethi ye-MWPF



Isinyathelo 2: Isicelo esivela Engxenyeni Yokonga



Ingabe Uyaludinga yini Usizo?

Uma unemibuzo mayelana nohlelo Lwamabhodwe Amabili, udinga usizo ngezicelo zakho ze-inthanethi, noma ufuna ukuqinisekisa ukuthi imininingwane yakho kuseyiyo yini, i-MWPF ilapha ukukusekela.

Kungani Kufanele Usebenzise Inkundla ye-inthanethi?

Ukusebenzisa inkundla ye-inthanethi ye-MWPF kuqinisekisa indlela esheshayo, nephephile, futhi elula yokucutshungulwa kwesicelo sakho. Esikhundleni sokulinda emigqeni emide noma ukubhekana nemibhalo esemaphapheni, ungasifaka isicelo sakho unethezekile ekhaya lakho noma usemsebenzini. Loluhlelo lukwenza ukwazi ukulandelela isimo sesicelo sakho, lukunikeze ukuthula emqondweni kuyo yonke inqubo.

Ukukhulisa Izinzuzo Zakho: Izinsiza Ezitholwa Ngamalungu Esikhwama



Njengalungu leSikhwama, kunemithombo yosizo ehluahlukene eyakhelwe ukukusiza ukuthi ufundise futhi wandise izinzuzo onazo. Noma ngabe udinga usizo lokufaka izicelo, ukuhlelela umhlalaphansi, noma ukuhlala unolwazi mayelana nezibuyekezo zeSikhwama, nakhu ongakuthatha njengezinsizakalo ezibalulekile ongazisebenzisa.

Izingxoxo Zokufundisa Amalungu

Ukuze kusizakale amalungu ngokuthi aqonde kangcono ngezinzuzo zawo, lesi Sikhwama sinikeza izingxoxo zokufundisa ezimayini. Lezi zingxoxo ziyithuba elihle kakhulu lamalungu ukuba afunde ngamalungelo awo, abuze imibuzo, futhi aqinisekise ukuthi enza okuningi ngezinzuzo zawo. Uma ungakaze ube khona kwenye yalezi zingxoxo, ungaphuthelwa ngelandelayo khona uyothola ithuba lokuhlanganyela nabeSikhwama.

Izizinda Lapho Uya Khona Mathupha Ukuyothola Usizo Lokufaka Izicelo

Amalungu noma abazuzi bawo abadinga ukwesekwa mayelana nezindaba ezihlobene nokufakwa kwezicelo, iSikhwama sihlizeka ngezizinda lapho uziyela khona amathupha ezindaweni ezihluahlukene, kuhlanguanise eMthatha, eGoli, eMozambique, eWitbank naseCarletonville. Lezi zikhungo zinezisebenzi ezinolwazi ezilungele ukusiza nganoma yiluphi uphenyo ngezicelo noma ukusiza ekuxazululeni izinkinga.

Uma ubhekene nanoma yiziphi izinselele zokufaka isicelo, unganqikazi ukuvakashela esinye salezi zizinda ukuze uthole usizo oluqondene nawe ngqo.

Ukwelulekwa Ngokuthatha Umhlalaphansi Kwamalungu Aneminyaka Engu-55 Nangaphezulu

Ukusondela kumhlalaphansi kungaba yisimo esisabisayo, kodwa lesi Sikhwama sikhonela ukuqondisa amalungu aneminyaka engu-55 nangaphezulu. Izingxoxo zakho ngamunye zokwelulekwa ngokuthatha umhlalaphansi ziyatholakala ukuze zikusize ukuthi uqonde ongakhetha kukho futhi wenze izinqumo eziphusile mayelana nokuthatha umhlalaphansi. Ngisho noma uthanda ukuhlangana ubuso nobuso noma ukhulume ngocingo, lezi zingxoxo zinikeza iseluleko esiklanyelwe ukukusiza ukuba uhlelele isigaba esilandelayo sempilo kwakho. Ukuze ubekise isikhathi sakho sezingxoxo, vele uthintane nommeleli wakho we-HR, ozokusiza ekuhleleni isikhathi sakho neSikhwama..

Inkundla Yezinzuzo Ezingakhokhelwe

Uma uke waphuma Esikhwameni ngaphambilini kodwa ungazange wenza isicelo noma uma ungumzuzi ofuna ukuhlola noma yiziphi izinzuzo ezingakhokhelwe, iSikhwama sikunikeza inkundla ethi [Unclaimed Benefits Portal](#). Le nkundla ikuvumela ukuba uhlale kalula ukuthi zikhona yini izinzuzo zakho ezikufanele. Kuyindlela esheshayo nelula yokuqinisekisa ukuthi uthole izinzuzo zakho ezikufanele.

Hlala Uxhumene: Izincwadi Zezindaba kanye Nezinkundla Zokuxhumana

Ukuze sigcine amalungu enolwazi, iSikhwama sikhapha incwadi yezindaba njalo ngekota/kane ngonyaka ehlanganisa izibuyekezo


ezibalulekile, izimemezelo, kanye nolwazi olumayelana nezinsizakalo ezitholakalayo. Ngaphezu kwalokho, ukuze uthole izibuyekezo ezithe xaxa masinyane, ungalandela iSikhwama ezinkundleni zokuxhumana ezifana ne-Facebook, i-Instagram, ne-WhatsApp. Lezi zinkundla zinikeza izindaba ezifika ngokushesha, amathiphu, nezikhumbuzo ukuze zikusize uhlale unolwazi ngazo zonke izindaba ezihlobene neSikhwama.

Ukuxhumana NeSikhwama

Uma unemibuzo ejwayelekile noma udinga usizo olwengeziwe, isikhungo sokuxhumana




seSikhwama singakusiza. Ungathola isikhungo sokuxhumana **kunombolo-010 100 3000** noma nge-imeyili **ku-clientservices@mineworkers.co.za**. Ithimba lethu lizibophezele ekunikezeni ukusekelwa okucacile futhi okufika ngesikhathi kunoma yimiphi imibuzo onayo.

Ngokusebenzisa lezi zinsiza, ungaqiniseka ukuthi uthola ukusekelwa okudingayo kuzo zonke izigaba. Hlala unolwazi, uhlale uxhumekele, futhi unganqikazi ukuxhumana neSikhwama noma nini lapho udinga usizo.



SILANDELE EZINKUNDLENI ZETHU ZOKUXHUMANA

Ukuze uthole izibuyekezo njalo zezindaba ezihlobene neSikhwama, silandele ezinkundleni zethu zokuxhumana ezibalwe ngezansi.

-  Facebook: @mineworkspf
-  Instagram: @mineworkers_pf
-  WhatsApp: 071 887 6515

Isitatimende sokuzihlangula: Ulwazi olukule nyuziletha luvikelwe yimithetho yolwazi lobuciko esebenzayo futhi akumelwe ukuba lukopishwe, lusatshalaliswe noma luguqulwe mayelana nezohwebo. Nakuba yonke imizamo yenziwe ukuze kuqinisekiswa ukuthi lolu lwazi olutholakala lapha lungolwakamuva, aluchemile futhi lushaya khona, lokhu ngeke kwaqinisekiswa. Ukusetshenziswa kwalolu lwazi yinoma yimuphu omunye umuntu kuzoya ngokubona kwalowo muntu futhi luyiqiniso kuphela. Sicela wazi ukuthi uma okuqukethwe kule nyuziletha kushayisana Nemithetho Yesikhwama, kuzolandelwa Imithetho. I-MWPF angeke ithwale icala ngenxa yanoma yikuphi ukulahlekelwa, ukulimala, kanye nezindleko okungenzeka zibe khona ngenxa yanoma yiliphi iphutha noma okunye okungasiwongo lapha ngendlela eqondile noma engaqondile.